Isifundo 2

**October 7–13*

Impikiswano

ISABATHA EMINI

Funda Kuleliviki:
Heb. 8:6, Matt. 19:17, Samb. 12:17, Leviticus 23, Zenzo 15:1–29, Gal. 1:1–12.

Indimana Yekhanda:
"Umthetho wanikezwa nguMose, kepha Umusa neqiniso kweza ngoJesu Kristu" (Johane 1:17).

Ibandla lokuqala lalakhiwe kakhulu ngamaJuda ayengacabangi ukuthi ngokwamukela uMesiya wamaJuda, uJesu, ngandlela thile ayeshiya inkolo yoyise noma izithembiso zesivumelwano uNkulunkulu ayesenze nabantu Bakhe. Kuyabonakala ukuthi babeqinisile. Udaba kumakholwa amaJuda okuqala kwakungelokuthi amaJuda kumele abengamaKristu ukuze amukele uJesu. Udaba kwabaningi babo kwakungelokuthi abeZizwe kwakumele babengamaJuda ngaphambi kokuba bamukele uKristu. Kungokuhamba kwesikhathi kuphela, kwisigungu saseJerusalema, lapho kwaba nempendulo eqinile. Bathatha isinqumo sokungabahluphi abeZizwe ngemithetho eyinqwaba. Okungukuthi, abeZizwe babengadingi ukuba ngamaJuda kuqala ukuze bamukele uJesu.

Nakuba kuthathwe lesisinqumo, nokho, abanye othisha baqhubeka nokuhlupha amabandla ngokuphikelela ngokuthi abeZizwe abaguqukele enkolweni kwakumele bagcine lemithetho, kufaka nokusoka (into eyayingeke ikhange umuntu omdala ukuba abengumKrsitu). Okungukuthi, babecabanga ukuthi lababeZizwe, ukuze babenesabelo ezithembisweni zesivumelwano, kwakumele bahambisane nemithetho eminingi ababeyithatha njengesemqoka ukuba babenesabelo emphakathini wakwaIsrayeli. Udaba lwaluthini, futhi lwalungaxazululeka kanjani na?

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-October 14.*

Isivumelwano Esingcono

Funda amaHeberu 8:6. Uthini umyalezo lapha na? Siziqonda kanjani "lezizithembiso ezingcono" ukuthi ziyini na?

Mhlawumbe umehluko omkhulu kunayo yonke phakathi kwenkolo yeTestamente Elidala kanye neleyo yeLisha ngukuthi isikhathi seTestamemte Elisha sangeniswa ngukufika kukaMesiya, uJesu waseNazaretha. Wathunyelwa nguNkulunkulu ukuba abenguMsindisi. Abantu abakwazanga ukumziba bese belindela ukusindiswa. Kuphela ngokubuyisana Yena akwenze kwabakhona kungaba nentethethelelo yezono zabo. Ngokunikezwa impilo Yakhe epheleleyo kuphela babengakwazi ukuma phambi kukaNkulunkulu ngaphandle kwecala. Ngamanye amazwi, ukusindiswa kwakungokulunga kukaJesu, hhayi okunye. Abangcwele beTestamente Elidala babheka phambili ezibusisweni zesikhathi sikaMesiya kanye nesithembiso sosindiso. Esikhathini seTestamente Elisha abantu banqwamana nombuzo, Ngabe babezomamukela uJesu waseNazaretha owayethunyelwe nguNkulunkulu njengoMesiya, abe nguMsindisi wabo na? Uma bekholelwa Kuye—okungukuthi, uma bemamukela Yena Njengalokhu ngeqiniso ayeyikho futhi bezinikela Kuye—babeyosindiswa ngokulunga ayebanikeza kona mahala. Kusenjalo, izimfuneko zomthetho zema zingaguqukile KwiTestamente Elisha, ngoba lezi zazisekelwe esimilweni sikaNkulunkulu nesikaKristu. Ukulalela Umthetho kaNkunkulunkulu kuyingxenye yesiVumelwano Esisha Njengalokhu kungeyeSidala.

Funda uMathewu 19:17; Sambulo 12:17; 14:12, noJakobe 2:10, 11. Lezizindimana zisitshelani mayelana nomthetho wokulunga KwiTestamente Elisha na?

Kusenjalo, yonke imithetho yamasiko engeyakwaIsrayeli—futhi eyayincike kakhulu kwiSivumelwano Esidala, eyayikhomba kuJesu kanye nokufa Kwakhe kanye nokusebenza Kwakhe njengoMpristi Omkhulu—yaphela, futhi uhlelo olusha lwangeniswa, lolo olumi phezu "kwezithembiso ezintsha." Ukusiza amaJuda kanye nabeZizwe ukuba baqonde okuyikona okukulenguquko esuka kubuJuda iye ebuKrestwini kwakungenye yezinhloso eziphambili zikaPawule encwadini yabaseRoma. Kwakuzothatha isikhathi Ukwenza lenguquko. AmaJuda amaningi ayemamukele uJesu ayengakazilungeli izinguquko ezinkulu ezaziza.

Yiziphi ezinye zezithembiso zeBhayibheli ozithanda kakhulu na? Uvame ukuzibanga kangakanani na? Yikuphi ukukhetha okwenzayo okungavimbela indlela yokuba lezizithembiso zifezeke empilweni yakho na?

Imithetho NeziMiselo ZamaJuda

Ngokuvuma kwesikhathi buka Incwadi kaLevitikusi. (Buka, ngokwesibonelo, Levitikusi 12, 16, 23.) Yimiphi imicabango efika kuwe lapho ufunda lemithetho kanye nezimiso kanye namasiko na? Kungani kwakungeke kwabalula ukuba ngezikhathi zeTestemente Elisha zilandeleke na?

Kulula kithina ukubeka Imithetho yeTestamente Elidala ngezigaba ezithile: (1) imithetho yokulunga, (2) imithetho yokugubha, (3) imithetho yezenhlala kahle, (4) izimiso, kanye ne (5) mithetho yezempilo. Lokhu kuhlukanisa ngandlela thile akulona iqiniso eliphelele. Eqinisweni ezinye zalezizigaba zihlobene, futhi Kukhona okuningi ukuphinda-phinda. Abakudala bebengayibheki ngokwahlukana. Umthetho wokulunga uphelele kwiMithetho Elishumi (Eksod. 20:1-17). Lomthetho uqukethe izimiso zesintu sonke. Lemithetho eyishumi igqamisiwe futhi yasetshenziswa ezindwaweni ezahlukene ezincwadini ezinhlanu zokuqala zeBhayibheli. Lokhu kugqamiswa kubonisa ukuthi kwakusho ukuthini ukugcina Umthetho kaNkulunkulu ezimweni eziningana. Ngokungahlobene yimithetho yezenhlalakahle. Lena, futhi, imi phezu komthetho wokulunga. Lena ichaza ubudlelwane phakathi kwesakhamuzi kanye nababusi bezwe kanye naphakathi kwezakhamuzi. Zidalula izijeziso zamaphutha amaningana. Imithetho yokugubha yayilawula amasiko endawo Engcwele, ichaza Iminikelo ehluka hlukene kanye nemithwalo yesakhamuzi ngasinye. Izinsuku zokugubha zibaluliwe kanye nokugcinwa kwazo kuchaziwe. Imithetho yezempilo ihambisana neminye imithetho. Lemithetho ehlukene ehlobene nokuhlanzeka ichaza ukungcola , futhi iyadlula lapho ifake nokuhlanzeka kanye nezimiso zempilo. Imithetho mayelana nezinyama ezihlanzekile nezingahlanzekile imi phezu kokubonakala.

Nakuba kusenokuba umJuda wayecabanga ngalemithetho njengesamba, iqhamuka yonke kuNkulunkulu, wayehlukanise lapha emqondweni. Imithetho Eyishumi yayinikezwe nguNkulunkulu ngomlomo Wakhe. Lokhu kwakuyenza ibaluleke ngokukhethekile. Eminye imithetho yadluliselwa ngoMose. Amasiko endawo Engcwele yayingagcinwa uma indawo Engcwele isasebenza. Imithetho yezenhlalakahle, okungenani ingxenye enkulu, yayingasasebenzi ngemuva kokuba amaJuda elahlekelwa ngukuzibusa futhi abangaphansi kokubuswa esinye isizwe. Iningi lemithetho yokugubha yayingasakwazi ukugcinwa ngemuva kokuba ithempeli libhujisiwe. Futhi, ngemuva kokufika kukaMesiya, okuningi okwakuyisithunzi kwasekuhlangene nokuyikona futhi kungasadingeki.

NjengokoSiko LukaMose

Funda iZenzo 15:1. Yiluphi udaba olwaludala ukwehlukana na? Kungani abanye abantu babekholwa ukuthi lokhu kwakungekona nje okwesizwe samaJuda na? buka uGen. 17:10.

Ngenkathi abapostoli behambisana nabefundisi kanye namalungu ebandla e-Antioch ngemizamo eqinile yokuzuzela imiphefumulo kuKristu, amaJuda athile angamakholwa aseJudiya "ohlelo lwabaFarisi" aphumelela ekufakeni umbuzo owaholela empikiswaneni eyandile ebandleni futhi yaletha ukungakhululeki kumakholwa abeZizwe. Ngeqholo elikhulu labothisha baqinisa ukuthi ukuze asindiswe, othile kumele asoke futhi agcine yonke imithetho yokugubha. AmaJuda, nembala, ayezidla ngezinkonzo zawo ezabekwa nguNkulunkulu, futhi iningi lalabo ababeguqukele enkolweni kaKristu lalisenomuzwa wokuthi njengoba uNkulunkulu wayeyibalule ngokusobala indlela yokukhonza yamaJuda, kwakungeke kwenzeke ukuba agunyaze ukuba iguqulwe. Baphikelela ngokuthi imithetho yamaJuda kanye nemigubho kumele ifakwe kumasiko enkolo yobuKristu. Babephuza ukuqonda ukuthi yonke imihlatshelo yayikhomba ekufeni kweNdodana kaNkulunkulu, lapho okuyisithunzi kuhlangana nokuyikona, ngemuva kokuba amasiko nemigubho yesikhathi sikaMose yayingasabophezeli.

Funda iZenzo 15:2-12. Lombango waxazululwa kanjani na?

"Bebheke kuNkulunkulu ukuba abahole, yena [uPawule] wayelungele njalo ukuvuma igunya elibekwe kumakholwa emunye ekuhlanganyeleni kwebandla. Waba nomuzwa wokuthola iseluleko, futhi lapho kuqhamuka izinto ezibalulekile, wakujabulela ukubeka lezi phambi kwebandla futhi abambane nabazalwane ekufuneni inhlakanipho kaNkulunkulu yokwenza izinqumo ezifaneleyo."—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles*, p. 200. Kuyathathekisa ukuthi uPawule—owayevame ukukhuluma ngobizo lwakhe lwesiprofetho nangendlela uJesu ayembize ngayo futhi wamnikeza umsebenzi wakhe—azimisele kangaka ukusebenzisana Nebandla lonke. Okungukuthi, nakuba luyini ubizo lwakhe, wabona ukuthi wayeyingxenye yebandla lonke nokuthi wayedinga ukusebenzisana nalo kangangokuba enako.

Ububuka kanjani ubuholi bebandla na? Ubambisana kangakani nabo na? Kungani ukubambisana nabo kusemqoka na? Besingasebenza kanjani ukube wonke umuntu ubenza umathanda, engabambisani nebandla na?

Amakholwa AbeZizwe

Funda iZenzo 15:5-29. Isigungu safinyelela kwesiphi isinqumo, futhi kwaba yini ukucabanga kwaso na?

Isinqumo sasiphikisana nemibango yamaJuda. Lababantu babephikelela ngokuthi abeZizwe abaguqukile kumele basokwe futhi bagcine yonke imithetho kaMose, futhi nokuthi "imithetho yamaJuda kanye nemigubho kumele ifakwe ibeyingxenye yamasiko enkolo yobuKristu."—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles*, p. 189. Kuyathathekisa ukuqaphela ukuthi kwiZenzo 15:10 indlela uPetro aveza ngayo ukuthi lemithetho yayi "lijoka" ababengakwazi ukulithwala. Ngabe uNkulunkulu, owayebeke lemithetho, wayengayenza ibe yijoka phezu kwabantu Bakhe na? Akubonakali kunjalo. Kunalokho, ngokuhamba kweminyaka abanye abaholi, ngezimfundiso zabo, babephendule eminingi imithetho yangaba yisibusiso yaba yimithwalo. Isigungu safuna ukuvikela abeZizwe kulemithwalo.

Qaphela, futhi, ukuthi ayizange ikhulunywe indaba yokuthi abeZizwe babedinga ukulalela Imithetho Elishumi. Nembala, singasicabanga isigungu sibatshela ukuba bangalidli igazi kodwa kube kuvumelekile ukunganaki imithetho emelene nokuphinga noma ukubulala njalo, njalo na?

Yimiphi imithetho eyabekelwa amakholwa abeZizwe (Zenzo 15:20, 29), futhi kungani kube yilemithetho na?

Nakuba amakholwa amaJuda kwakungamele abeke imithetho kanye nezimfundiso zawo pheze kabeZizwe, isigungu safuna ukuqinisekisa ukuthi abeZizwe abazenzi izinto ezazizobonakala zinenga amaJuda ababefuna ukuba munye nawo kuJesu. Abapostoli kanye nabadala, ngalokho-ke, bavumelana ukuyaleza abaZizwe ngencwadi ukuba bahlukane nenyama enikelwe kwizithixo, bahlukane nokuhlobonga, bahlukane nezinto ezikhanyiweyo, bahlukane negazi. Abanye bathi, ngenxa yokuthi ukugcina iSabatha akuzange kubalwe, abeZizwe kwakungamele baligcine (nembala, imithetho emelene nokuqamba amanga kanye nokubulala ayizange ibalulwe nayo, ngakho leyonkulumo ayisho lutho).

Kungenzeka yini thina, ngezindlela ezithile, sibeke phezu kwabantu imithwalo engadingekile kodwa esuka kumasiko nemikhuba hhayi ekuyaleni kukaNkulunkulu na? Uma kunjalo, sikwenza kanjani na? Woza nemicabango yakho eklasini ngeSabatha.

UPawule NabaseGalathiya

Nakuba iseluleko sicace kangakanani, kwakukhona labo abafuna Ukwenza intando yabo futhi abamele ukuthi abeZizwe kumele bagcine imithetho kanye namasiko amaJuda. KuPawule lokhu kwaba wudaba oluqinile; okungukuthi, kwakungekona nje ukungavumelani ngamaphuzu amancane okholo. Kwasekungukuphika ivangeli likaKristu uqobo.

Funda abaseGalathiya 1:1-12. UPawule ulubona luqine kangakani loludaba anqwamana nalo eGalathiya na? Lokhu kumele kusitsheleni ngokubaluleka kwalombuzo na?

Njengoba sekushiwo ngaphambili, kwakuyisimo sabaseGalathiya okwaletha kakhulu ingqikithi yencwadi yabaseRoma. Encwadini yabaseRoma, uPawule uqhubeka nendikimba yencwadi yabaseGalathiya. Amanye amakholwa angamaJuda ayebanga ukuthi Umthetho uNkulunkulu ayewunikeze ngoMose wawubalulekile futhi kumele ugcinwe ngabeZizwe. UPawule wayezama ukubonisa indawo nomsebenzi wawo wangempela. Wayengafuni lababantu ukuba bathole indawo eRoma Njengalokhu babenzile eGalathiya.

Kungukwenza izinto zibelula kakhulu ukubuza ukuthi ngabe uPawule ukhuluma ngemithetho yokugubha noma imithetho elishumi kumaGalathiya nakumaRoma. Ngokomlando, inkulumompikiswano kwakungeyokuthi kumele yini abaZizwe basoke nokuba bagcine imithetho kaMose noma cha. Isigungu saseJerusalema sasesinqumile kulombuzo, kodwa abanye babengavumi ukulandela isinqumo saso.

Abathile bafunde ezincwadini zikaPawule kwabaseGalathiya nakwabaseRoma ubufakazi bokuthi imithetho elishumi, (noma, empeleni, Umthetho wesine kuphela), awusawabophi amaKristu. Kepha, balahlekelwa yiphuzu lezincwadi, futhi balahlekelwe yingqikithi yomlando kanye nodaba uPawule ayekhuluma ngalo. UPawule, njengoba sizobona, wagcizelela ukuthi ukusindiswa kwakungokukholwa kuphela hhayi ngokugcina Umthetho, kanye nayo elishumi. Kepha lokhu akufani nokuthi imithetho elishumi mayingagcinwa. Ukulalela Imithetho Elishumi kwakungakaze kube wudaba; labo abakwenza kube wudaba bafunde Ezibhalweni indaba yamanje, hhayi le uPawule ayebhekene nayo.

Ubaphendula kanjani labo abathi iSabatha alisenasibopho phezu kwamaKristu na? Ungaliveza kanjani iqiniso leSabatha ngendlela engacekeli phansi iqiniso na?

Cabanga Kabanzi:

Funda u-Ellen G. White, "Jew and Gentile," pp. 188–192, 194–197; "*Apostasy in Galatia*," pp. 383–388, in *The Acts of the Apostles*; "*The Law Given to Israel*," pp. 310–312; "*The Law and the Covenants*," pp. 370–373, in *Patriarchs and Prophets*; "*The Chosen People*," pp. 27–30, in *The Desire of Ages*. Ngokungangabazi, ibandla lethu libhekene nempikiswano kanye nokwehlukana. Kodwa lokhu akukusha. USathane uselokhu esempini Nebandla. Kusukela ezinsukwini zokuqala zobuKristu, ukwehlukana kanye nokuphikisana kwaqubuka phakathi kwamakholwa. Futhi kunempikiswano eyodwa okwakungathi, uma ingazange ixazululwe, ibulale ibandla ebusheni balo. "Ngethonya lothisha bamanga abaqubuka phakathi kwamakholwa eJerusalema, ukwehlukana, imfundiso yamanga, kanye namanyala kwakwanda ngokushesha phakathi kwamakholwa eGalathiya. Labothisha bamanga babexuba Izimfundiso zamaJuda kanye namaqiniso evangeli. Beziba isinqumo sesigungu eJerusalema, bacindezela kumakholwa abeZizwe ukugcinwa kwemithetho yokugubha."—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles*, p. 383.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Eklasini buyekezani izimpendulo zenu zombuzo wokugcina wangoLwesithathu. Yiziphi izindlela ibandla lakho noma wena ekhaya noma naphezu kwakho obeka ngayo imithwalo phezu kwabanye (noma phezu kwakho) engadingekile na? Singabona kanjani ukuthi senza lokho ngempela na? Noma singaba yini sengozini yokwenza okuphambene kakhulu kunalokho na? Okungukuthi, singabona kanjani uma sesixegise kakhulu ezimpilweni zethu kanye nakumazinga kangangokuba izimpilo zethu zingabe zisaluveza ubizo lwethu oluphakeme esinalo kuKristu na?

2. Yiziphi ezinye izinto abantu abazisebenzisa ukubanga ukuthi Imithetho Elishumi ayisenasibopho kumaKristu na? Siyiphendula kanjani lemibango na? Kungani, lezizinkulumo kungezona, futhi kungani ezikhathini eziningi labo abasho njalo bengaphili sengathi abakholwa ukuthi Imithetho Elishumi ayisenasibopho na?

3. Funda futhi abaseGalathiya 1:1-12. Qaphela ukungavumelani nesimo, ukushisekela, nokuqiniseka uPawule ayeyiko mayelana nokuqonda kwakhe ivangeli. Lokhu kumele kusitsheleni ngendlela okumele sime ngayo siqine kwezinye izinkolelo, ikakhulu kulesisikhathi sezinkolo eziningi kanye nokubona komuntu ngamunye na? Lokhu kukuveza kanjani ukuthi ezinye Izimfundiso zingethanjiswe noma sekunjani na?

4. Eklasini khulumani ngezinto ezabangela i-Protestant Reformation. Yiziphi izinto eziyisisekelo esehlukana ngazo ezingakaxazululwa na?

Notes